## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1 Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendulela imibuzo, lube sekhasini lalo lodwa (Indaba kuphela edinga uhlaka).

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80 ISIQEPHU
   B: Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Qaphelisisa isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

1.1 Ukuwina Umncintiswano Kwayishintsha Impilo Yami. **[50]**

1.2 Akukho Okungavimba Impumelelo Yami. **[50]**

1.3 Engingakwenza Ukuze Izwe Lami Lithuthuke. **[50]**

1.4 Ubuhle Nobubi Bamalungelo. **[50]**

1.5 Angaziphilisa Yini Umuntu Ngethalente Lakhe? **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha esisodwa ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama 80 kuya kwayi-100.

**2.1 INCWADI YOMSEBENZI/ESEMTHETHWENI**

Njalo ngonyaka uMnumzane Diliza ongusomabhizinisi unika abafundi abangama-25 imifundaze/amabhasari ukuba bayofunda eNyuvesi.
Bhala incwadi yokucela umfundaze/ibhasari kuleli kheli elilandelayo:
Matubesi Cash and Carry
P. O. Box 576
Newcastle
2349 **[30]**

**2.2 UMLANDO NGOMUFI**

Umngani wakho umuke olwandle ngenkathi nivakashile, watholakala eseshonile.Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando wakhe ngoba uwena omazi kakhulu kunabanye.

Bhala umlando ngomufi. **[30]**

**2.3 UMBIKO**

Ekuseni ubone ingozi yemoto encane nebhasi. Ngenkathi kufika amaphoyisa acele ukuba uwachazele ngokubone kwenzeka.
Bhala umbiko ogcwele ngengozi yemoto nebhasi. **[30]**

**2.4 INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO**

Izolo uthenge izicathulo kanti uzothi uma usuzigqoka ekhaya uthole ukuthi ebhokisini bafake ezonyawo lwangakwesokunxele kuphela.

Bhala inkulumo-mpendulwano/ingxoxo ephakathi kwakho nomphathi wesitolo. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

## UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **IPHOSTA**

Usebenzela inkampani ehlela ukuletha abaculi abadumile basemazweni angaphandle. Ngesonto elizayo kuzofika umculi u-Micki Minash lapha eNingizimu Afrika. Uzocula kulezi zindawo: e-Orlando Stadium, ePrincess Magogo Stadium naKwaNyamazane Stadium.

Bhala iphosta ezoheha abathandi bomculo. **[20]**

3.2 **IDAYARI**

UnguNobhala weMeya, kufanele ubhale okusemqoka ekwenzayo usuku nosuku. Ngesonto elizayo ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu iMeya izobe inemihlangano nabantu bamabhizinisi, amakhansela nezintatheli.
Bhala idayari yezinsuku eziyi-5 ngokuzobe kwenziwa iMeya. **[20]**

3.3 **IMIYALELO**

Umama wakho ukufundise indlela yokwenza isemishi ('sandwich') likashizi elinezithako zokwakha umzimba ezinempilo.
Bhala imiyalelo yokwenza isemishi likashizi ozoliphatha esikoleni. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha